AmaHlubi

(Ngu M. M. FUZE)

Wapendula kulawo uSobantu wati "Nalo inxosa lakomkulu libotshwe kambe uma liqamb'amanga?" Siya lapo nje kukona ukupikisana okunjalo emakosini.

Safika-ke enkantolo enkulu yabantu endhlini kwakubutene amakosi nezinduna. Engisabakumbulayo abaelapo endhlini, nguNdhlokolo kaNkungu inkosi yamaNgcolosi, noNondenisa kaMabhangwini inkosi yaseMaTolini, noMafingo induna yaseMdhloti, noFunwayo kaMpopomo inkosi yakwaLotuli, noManxele kaMzilwa induna yasenkantolo enkulu yabantu, nabanye nje abaningi engingasabakumbuli. Ukuqala kwatiwa mangisuke ngihlale pakati nayo indhlu, onke amakosi nezinduna bangikaka, ngahlala pakati. Kwase kufika futi uAttorney—General Gallwey, amakosi aba matatu—uSomtseu noSobantu noAttorney-General, noMahoiza wabe ekona.

Ngawafunda-ke amazwi kaNomfihlela (naye ekona endhlini,) ngabuye ngafunda awaka Ndabezimbi (kodwa engekoyena,) ngawafunda ngawaqeda. Kwabuzwa-ke kuNomfihlela ukuti ngawake uqobo yini law'amazwi asencwadini ka Magema na? Wawavuma onke uNomfihlela wati ngawake. Kwafunwa uNdabezimbi. Kako. Kwase kutiwa mayalande umntwana wenkosi yaseMaKabeleni uGayede owabe ehamba kunye noMahoiza. Walanda wavumela uNomfihlela. Zatukutela impela ezinye izinduna sezibona ukuti kanti uMahoiza uqamb'amanga odwa, unxanele ukuba kubulawe uLangalibalele ngamanga. Amazwi engangiwalobe encwadini yami abe eti:—uMahoiza wati uba afike emaHutshini wapatwa kahle kanye nehele ayehamba nalo, wangenisa emzimi womnumzane wasemaHutshini, uMavukesapela, lapa kwatunyelwa ukudhla kona, wahlatshiswa nenkomo, ngezwi lenkosi. Kute mdhla sebeya emzini owabe uhlezi inkosi, izulo lalipendule, lilibi, kumakaza futi; uMahoiza wabe egqoke ibhulukwe neyembe kanye nenolubhantshi nebhantshi kanye nejazi ngapezulu. Bate uba bafike emzini wake ePangweni, lapo uLangalibalele wabe ehlezi kona, uMahoiza wacela ukuba abone inkosi akulume nayo ayilaudise akutunywe nguHulumeni ebhekene nayo nqobo. Kepa amaHlubi apendula ati kona pandhle, "Kuhle utshele tina konke loko okutunywe nguHulumeni, siye kumtshela tina." Wala ukukuluma uMahoiza, wapikelela ukungena endhlini enkosini akulume nayo. Anqaba impela amaHlubi, abuza ati, "Ugodhleni wena, Mahoiza, ezingutsheni zako lapa?" Wapendula wati kagodhle luto. Apikelela amaHlubi ati, "Uma ungagodhle luto kumula ijazi leli nebhantshi kusale pandhle anduba nye endhlini enkosini." Nembala ngaloko uMahoiza walikumula ijazi nebhantshi—kwasala emzimbeni wake ibhulukwe neyembe nenolubhantshi. Wangena-ke endhlini wakuluma nenkosi.

Anjalo-ke amazwi abulele aqedela izwe lasemaHutshini. Kute-ke lapa emGungundhlovu, ecaleni, uLangalibalele wakuveza wakubeka obala loko kwesaba kwake ukuba uMahoiza angene egqoke epelele kanye nejazi lake uma eyakukuluma naye endhlini, wati wabe esaba kanye nabantu bake ukuti uMahoiza upete isibhamu asigodhlileyo, njengaleso esasipetwe nguM. John mdhla edubula uMatshana. Kusobala ukuti uMahoiza wakuluma loku, etanda ukwenezelela icala lika Langalibalele; wakuluma waze weqisa ngokuti wahlutshuliswa izingubo zake emzimbeni, wanquniswa impela, wahlala ase isidindili nje.

(Isaqutshwa)

Umuti wamandhla ongabilile.

Ukupelelwa amandhla akusifo sasito kanye somzimba kepa kuba kuwo wonke umzimba. Kuyingozi ngoba kwehlisa amandhla omzimba okuvika ukufa.

Inxa upelelwe amandhla kulandela isifo esinamandhla umuntu uyepuza ukululama, amandhla angabuyeli nje ngoba kufanele. Uma umuntu kade eguliswa yiGrip uvama ukupelelwa amandhla okuhlala izinyanga ezitile.

Wonke umuntu uyabona ukuti umuti wokupelelwa amandhla ngukwaka igazi ngoba igazi lihamba kuwo wonke umzimba, inxa sekungcono lona kuzwakala kuwo wonke umzimba. Indaba ilele ekubeni kuye wonke ogulayo atole uto oluzonotisa igazi.

AmaPink Pills kaDr. Williams afanele abantu abaningi ngoba awanajuto olubilile al'aka ngoqobo igazi aqinise imizwa. AmaPink Pills kaDr. Williams ayasiza kubantwana abasakulayo nakwabadala besilisa nabesifazane abamizwa yaba ikandhle kile. Adinga ukutengwa uqobo nguye wonke onemizwa ebutakataka negazi elilula.

Umtengisi wakini uyatengisa ngama Pink Pills kaDr. Williams noma kona ngoo kwoDr. Williams Medicine Co., Long Street, Cape Town, ngo3s. 3d. ngegabha noma ngasitupa ngo18s. iposi ungalikokeli.

Opendula imiteto ecelwa amaKosi (Magistrates)

Ku Mhleli weLanga laseNatal.

Mngane,—Angazi noma uzongipa yini isikalana ezinhleni zeLanga kengiti ukupefumula mayelana nemiteto ecelwa amakosi akwiti lapa eNatal. Agizukupendula yonke ngizoketa nje engikufumene ngokwami kungafanele.

UMZINTO—Ngiyaubonga lomteto wokuti akungavunyelwa omhlope ashade nomuntu onsundu ngoba nempela akulungile loko. Futi sengati iNkosi ingasale iliquba iti, akuti ofunyaniswa enengane emhlope aye amkombe ba jeziswe bobabili kumbe ungancipa umkuba wokuba sibone oMiss Kuzwayo, Dhlamini etc. abamhlope.

Konje uma owesifazane engase ati ngoba ushadile sbese ekishwa pansi komteto wabantu, kungati uma evele lwa ingozi kuwo ahlaulelwe ubani? Kodwa angitoli ukuti usho ukupuma okunjani.

PINETOWN—Impika namalanga ku yenziwa loko akala ngako.

DURBAN—Kanti imiti ibiza imvu la yini? I oku amahlati acekwa ngenxa yomoba nogwayi noko ladhlulelana ozamcolo kwafa namabhuloho. Ngiyakupika loko mina. Ngiti kuhle sibheke kahle ukuti yini nengabe ama su okukipa izigqili ebugqilini. Kepa noma kungavela izimangaliso ngeke abone masinya uFaro, uyokomba loku ya nalokuya kungam'mangalisi ukubo na amabhuloho efa, nokuduba kwezisebenzi izindawo zonke umsebenzi noma kuze kube uOctober imvula ingakabonwa kodwa kwezinye izindawo ibikwa.

IMFOLOZI—Nkosi yapakati impela lishisiso, ngoba umuntu ulimala qede aswele umsebenzi ngoba ababa cazeli kahle umteto, esikundhleni soku ba umuntu bamupe umsebenzi omfane neleyo njengokulimala kwake emsebenzini wabo angaba namandhla oku wenza.

NQUTU—Yebo kuhle ufane kwa Zulu naseNatal, Nati izibhamu zinikwe tina Natal noma sesokolwa ukuhambe siti, "Nkosi" nasezindhleleni.

OBONJENI—Inkosi iti icala uma kunqunywe isikati sokubola kwecala kupele ukuti aliboli icala. Kanjani ngoba ngihlezi nje nginecala nomuntu owayenezinkomo zikababa ngingakabi ko kodwa yena uyazivuma. Manje senginama30 iminyaka yami yobudala. Utike uma ngifa angazibizi lezovinko mo umntanami? Futi abanye oyise bafa bebancane benodadewabo asebe kulile bashade badhliwe abakwezinye izindhlu uyaqala esefuna ukuganwa umfana useyazibiza bati aziko, ashade umfana zingakapumi, asale umfana umfana ezwe ngonina noma ngoninalume bati, zikona izinkomo zako lapaya, aye kozibiza umfana, lokoke kokwenziwa njani na?

Kona lapo futi lomteto awungabi bukali nganxanye kuhle okom'mese. Kukona amacala afana nashiwo iNkosi yaseUmfolozi angabi nabufakazi obuhle mzuku etetwa umuntu limlahle icala kungafanele bese kutiwa uyisige bengu, kungabhekwa ukuti uyabonwa yini futi kuleyonto umuntu na? Kumbe ke kucelwe nalapo esebatatwa ngendhlela enjalo ukuba kubhekwe le la kupelele kona wonke umuntu eMtataminwe eP. M. Burg ukuba nabo batyenwe isikati sokupela koku ngatenjwa kwake kulo. Uma lomteto eucelayo iNkosi ungena kuhle kubhekwe naloko.

VRYHEID—Yini isono ezinganeni uma zilotshwa ebhukwini linye njengoba nomshado sikipa 13s. ngoba kutiwa ushada ngowabelungu, usiciliza ngalipi? Bakiti ngiti kuhle sibheke kulemiteto yokwala notywala nensangu kubantu.

Yimi,

H. K. S. GOBA.

Inanda M. S.

Ubizimali uMpatisikwama.

Ngicela indawana epebeni lako lodumo ngendaba kaNatal Native Congress Umhlangano owauhlangene eP. M. Burg ngoMarch 23 1918 kwanqunywa ukuti onke amagatya imali makayitumele ekuMongameli uJ. L. Dube ukuze uMongameli ayidhlulisele kimi mgcini Sikwama. Angazi ke noma amagatya azigcinela yona yini noma ayakuyileta nini eSikwameni. Ngapandhle kwemali engiqale ukuyamkela ziu4 kuOctober u14 5s. 6d. Nokoke Zulu ngiyakubonga loko enikwenzile songati wonke umhlabati ungaba njalo nilwelwe izwe lakini njengoba impato isinzima ngokunjepezu kwabantu bakiti manje. Futi qondani ukuti abangapezu koNdi baya sebenza bona. Yimani ngezinyawo kenani.

Yimi,

C. LUTAYI.

Georgedale.
Cato Ridge.
Hon. Treasurer, N. N. Congress

Ezase Mgu'ndhlovu.

Kube indaba edabukisayo kubantu abaningi lapa ukushona kukaSaul Msane, Kwazise ke iningi lezihlobo zake zilapa eduze. Kuyena wonke obemazi udabukile.

o o o

Umuntu obikwa ukungapili kahle ngu mnumzane onguMr. Enoch Msimang wase Edendale uyise waoMessrs. W. M. Msimang noE. O. Msimang. Siyetemba ongapezulu uzobenza ubungcono.

o o o

Ku"Natal Witness ipepa ndaba labe lungu lapa kubonakele incwadi ngega ma lika Mr. J. T. Gumede omunye wamaNxusa pesheya ekuluma ngazo zonke izikalo ezivamisileyo.

o o o

UMr. Walter Kumalo indodana kaChief Kumalo waseDriefontein noMr. Xaba, bebelapa ngezemisebenzi epatelele emhlabeni yokutengwa.

o o o

NgoMgqibelo odhlule amaStandards F. C. namaSwallows F. C. abe esaba nga iDraw esize yadhlalwa kasihlanu ingapeli kungehlulwana. Asazi ukuti iyozala nkomoni. Abopele amaStandards F. C. abafo baseEdendale.

o o o

Umlungu kuChurch Street ucishe walimala kabi ukuba awe kuyi Bicycle lake pambi kweTrolley lidonswa izimbo ngolo, ute evuka wabe elishiya ngapansi iBicycle noko akalimalanga.

o o o

Amantombazana akuko neze ukuzipata kahle kuwona emadolobheni. Na nxa isizwe sizama ukuzaka nokukanya kodwa afike abe elikulu ihlazo amanto mbazana abantu. Kusongati lapa adhlula yonke indawo, ngokungazipati kahle. Akapeli amacala awo eNkanto lo. Nokuzula nje ezitaladini nokugqoka okungasile nje kakulu wona amagqoka na lawa afike abe olayita nje lapa. Nina eninamehlo wakuzeni lamagqoka na ayasihlazisa.

o o o

UMiss N. S. Gumede osefundisa eSandymount eduze naseMshwati ubhala uti, kulezinsuku abalalanga kahle ngasemzini yangakona babepekele emoyeni ngenxa yohlanya lomuntu wesifazane owabeqeda imizi yonke ehlubule evimbezela efuna ukudhla.

Ezebhola.

Kwati ngomhla ka 6 ku October nge Holiday. kwehla amaTeam amabili aseMaritzburg amaRailway Stars. F. C. namaUnity F. C. ehlasele amaGreat Powers F. C. aseDurban.

Kwati ngo 1 o'clock angena ama Unity namaGreat Powers. Lati lisuka nje ibhola waye walifaka uSly zasho zati "Soft Pillow" lapoke zabiza "uAmerican Tobbacco" kwaba isikasha na walifaka uSihlutu mtaka madhlel'ogageni. Kute sekushintshiwe zabambana kwatula kwati nya. Ehlulwa amaUnity ngo 2 goals to nil.

Kute ngo 3. 30 p. m. angena ama Railway Stars namaGreat Powers. Kwaba umzuzwana aliposa amaGt. Powers kwaba isikashana aliposa ama Railway Stars. Lapoke zabambana kwa nuka udaka. Kwaze kwashintshwa Sekushintshiwe bawatunuka amaGt. Powers kwasuka intuli, lapo zabiza uMqaffee, no J. B. Magubane, noNdibilishi, zati K. M. G. lapo uJune July. wavimba wabuta izibi Wapinda waliposa uSihlutu zasho zati Sihlutu madhlel'ogageni. Lapo onke amaGreat Powers ayesetyaya imbhobo. Lapo uSly wadhlala iHome Style. Ehlulwa amaRailway Stars, 3 goals to 1.

Bonke abadhlali bama Great Powers F. C. Eliam Mabuya, Rupert Siwela, Jack Zungu, Ambrose Malinga, Alden Nxumalo, Amos Mtoli, John Plocker, Solomon Mngunyana, Sly Msomi, N. Mtetwa, July Ngcobo, Shadrack Kumalo. Izipati mandhla uMr. Hlatshwayo waseNhla, iCaptain uMr. A S. Dhlamini waseSpring field near Durban. Ngakoke ofisa ukudhlala makeze ngonyaka ozayo. Nofisayo nodingayo aka pose iChallenge ku 444 Smith Street Durban ku Captain wabo. Kusa shisa nje silungele noma iyipi iteam siyave va siyimivi, akuyi lubuyako. Kusho mina Sikumba sehlula abashuki, unyama mbana kwaba seTekwini kanye nase Zembeni.

Xolela ukwelula kwami Mhleli.

Yimi

ISIBUKELI.

UMUTI WOMKAYA WOKWELAPA UKUKOHLELA.

Udumo lomuti wokukohlela kaChamberlain lungangezwe. Usiza ekukohleleni osekugxilile komuntu omdala, noma iKrupu nogola lwabantwana. Igabha lilinye lidhliwa umozi wonke. Utengiswa yibo bonke abatengisi.

Zam-Buk
"RUB IT IN"

Isifundo sesikole seSonto

Esesine, Oct. 26.

ESOKUZITIBA.— Jer. 35: 1—8, 12 14, 18, 19.

ISITATELO: Ngako noma nidhla, noma nipuza noma nenzani. kwenzeni konke kubongwe uNkulunkulu. 1 Kor. 10 : 31.

EYABANTWANA INDABA: Indaba yokuzitiba eqinisileyo.

OKUJONGIWE: Ukwenza bonke abasha nabadala bafune ukulandela ukwenz'okuhle kwamaRekabi.

I. Indaba yamaRekabi. II. Isifundo esizweni sabaJuda. III. Isifundo esizweni sakiti. IV. Okungenziwa ubani nobani.

I. Kwaku senkatini yenye yamakosi okugcina akwaJuda mhla uNebukadnezar ehlasela eJerusalema ngempi yake enkulu evela eBabulona. Wamdedela uNkulunkulu ukulicita iJerusalem ngenxa yokungamlaleli kwabaJuda. Kepa uJeremia wab'engumuntu kaNkulunkulu, azi ukutanda kukaNkulunkulu ukutetelela inxa uJuda ependuka, njalo wafuna ukubafundisa isifundo ngo kubakombisa ukulalela kwesinye isizwe okungesiso esakwaJuda.

AmaRekabi la abe ezalwa nguAbraham kepa kungesiko ngolsaka, ngako babe bakelene nabaJuda, okwati lapo uNebukadnezar eseza nempi yake enkulu bazobhaca eJerusalem kwazise kona kwakukona izingange eziqata ezabe zihaqe umuzi, kube amaRekabi abe engakile imizi ehlala ematenteni. Nakona pakati komuzi bafike bamisa amatente abo amnyama ebaleni nga pakati kwezindonga. Makube bonke abantu bomuzi bababona babuza ukuti abapi laba. UJehova wati koJeremiah ake ubaviviuye kona ukulalela kwabo kuzaubonakala kube isifundo uJuda ongalaleliyo.

Uyise kwabe kuyindeda ehlakanipile wafuna ukuba abantabake babe yizihlandhlu bacume ngako wababezela imiyalo etile yokuba: (1)Bangapuz'iwaini noma okudakisayo. (2) Bangabinazwe nazindhlu nazivini. Babezifuya izinkomo. (3) Bang'aki pakati kwemizi emikulu kepa bahlale ematenteni ayauzinge esuswa kalula lapo sebetuta bayanfunela izinkomo zabo utshani.

Lemiyalo yokugcina emibili yabe iti mabangayi emizini emikulu ngoba uyise waebona ukwonakala nokujengiswa kwemizimba yabasha abaningi emadolobheni? Nakati bengenako ukuzuza imali eningi nokutola izingubo ezinhle zabelungu nezinye izimpahla zendhlu, kepa bagwema ingozi enkulu yokulahla imipefumulo yabo namandh a omzimba. Umyalo wokuqala waubekelwe ukuba bangapuzi okudakisayo Ngani? Mabapendule bona nawe ubeke izizatu.

II. Yini okwaba yisifundo esizweni sabaJuda? Babezetwe ukuba babe abantwana baka Nkulunkulu, kepa bapula imiyalo yake, balahl'okukolwa, bakonza amanye amatongo, babamba kabi ngokuzifunela okwabo, saza sati isizwe sakubo sababutakataka emoyeni nasemqondweni nasemzimbeni, lapo aze wabona uJeremiah ukuti ngapandhle kokuba basizwe nguNkulunkulu bamelwe ukwahlulwa yimpi le ezayo. Kepa uNkulunkulu angeze asiza isizwe esingalaleliyo inxa singapenduki. Ngako benzelwa isibonelo amaRekabi. Wab'etembisani uNkulunkulu? Kwenzekani kuJuda?

III. Yini isifundo esizweni sakiti? Inxa sibuka indaba yezinye izizwe nemindeni yomhlaba ukuti yizipi ezaba zinkulu ngoqobo zazinza, siyabona ukuti ilezo ezabe zinokuzigcina kokuhamb'okuhle zifundile emqondweni nasemzimbeni zinemizimba eqata Inxa sifuna isizwe sakiti ukuba sicome sidinga ukuhamba ngemiteto kaNkulunkulu. AmaRekabi la ayewubambile umteto kayise sekuze kwadhlula iminyaka eyizinkulungwane. Liyasitshela iBible ukuti okudakisayo kugcina ngokulumisa okwenyoka. Omunye utisha walinganisa umpumela wokudakisayo kanje:— Ngamapepa ayizizingelezi ezi amaInch amabili waloba amehlo nolimi kwati kuleyonyoka waloba omunye umpumela wopuzo onjengobupofu. ukunikizela, amafokozi ezi ndhlu, ukupelelwa umsebenzi, izingozi, ukwelelesa, ukuxabana, amakaya angenantokozo, ubugcwelegcwele, isifuba, amabhungane, isitutwane. ebutakataka, ukoshesh'ukufa, umpefumulo olahlekileyo. Loku kwabekwa engilazini kwambozwa ngepepa. Abafana balinga ukuqandela ukuba yini esengilazini kepa baze batshelwa ukuti yizinyoka. Omunye umfana wabuza wati, Ezizwayo na? Zase ziyakishwa izinyoka zabukwa.

IV. Singenzenjani tina? Buzani kubafanyana namantombazana abazautata izindawo zamadoda nabafazi ebandhlelen, nasemasimini, nasemakaya etc: lapo sebegugile bebutakataka sebefile. Kuye kuye amakr lu abantu bakwaZulu eMatsheni eTekwini izinsuku zonke beyapuzi utshwala; aoanye baze baboshwe ematilongweni emva kwaloko noma batole izingozi ekuxabaneni, noma bapelelwe amandhla bafe. Ng'oba abayautata izindawo zabo? Yiyo leyondawoke enifuna ukuhlala kuyo? Bek'igama lako namhla esifungweni soknzila ukupuza okudakisayo ulingise amaRekabi usigcine lesosifungo sako. Inxa ungakabi indala ukuba unqumisele ukuba kupuzwe emzini wako nasezweni lakini, hlala uhlose ukuti lapo usumdala uyokweuza ubese uhlala ukulwela ukuba kupele ukupuza okudakisayo.

Amasiko abantu.

(Ku Mhleli weLanga.)

Mnumuzane wodumo ndikubongoza ngembeko nangentobeko yesitutyana epepeni lako lodumo.

Nantsi into mnumuzana wakowetu ndixolele ngesitubana endisicelayo nKosi yam ebekekileyo Nkosi. Ndicela kumanene nabanumuzana bohlanga olumunyama lento exoxwayo kangaka epepeni engesitembu nolobolo, ndibuza ngobudenge zinKosi zam ndincedeni ngencazelo enhle kubake lento yesite mbu noba asisazi isisiko sayo kodwa asiqondisiswa luto ukuba isitembu siyimposiso boMandla odale izinto kuba siva amadoda odumo akudala ayeteta noTixo ubuso ngobuso ukuba ayenezite mbu anjengoAbraham noJacob owaba sebenzelayo omkake iminyaka enga 7 emunye noSolomon amadoda kaTixo aye nyanisekile ayenama 700 amakosikazi amakulu amashweshwe e 300. Ke asiva ukuba uTixo wabohlwaya ngaloko kodwa siva ukuba wati uyakuda bula ubukumkani bake kungekuye konyana bake emva kwake, ngenxa kayise uDavid noko oko kwenzeka ngokuba uSolomon wajikwa intliziyo ngabafazi abo abeya lelwe ukuba angatati kwezozizwe akwa tshiwo ukuti lweaze isono ngokuba nesitembu. Ke oku akuqondakali impo siso apo ivele kona nokuba nake siti esiqonda betele kunoTixo nokuba uTixo oko wayekuposisile na ukukwenza waza wayekela ukuba kuze kubotshwe ngabangqondo engapezu kweyake na? abasemhlabeni mande akubone kahle na naye? eZulwini anduba naye abope na? noRulumeni kwamlahleka na? nje ngoTixo kuba uRulumente ngesitembu akasicasanga yena ufike watelisa ngendhlu yonke enomfazi.

NGELOBOLO.

Sisimanga ukuba kuvakala ukuba ulobolo lusisono pezu kokuba kuti bamnyama iyinto entle nenodumo kumacala omabini nowesifazana yinto aqonda nga yo ukuba ndiyinkosikazi andisililo shwe shwe (concubine) nendoda ibentle kuyo lonto ukuba ilobole intombi kaBani nezininzi ezinye izinto. Ke sibuza ukuti ke umlungu imkataza nganina yena lento yolobolo kuba ke nabu baba nesa hlulo ekutshateni kwesoka nentombi emnyama kuba abafundisi bahola imali yokutshatisa futi kute ngwa kubo abelungu imisesane yama xabiso. Ke abafundisi bayamkelelani imali yesono? noRulumeni xa etshatisa umuntu ulobolisa njalo kwakulondoda etshatayo engeke ayitshatise ingalobolanga kulowo etshatisayo. Ke yonke lento etetwayo ngati ivumelana nomo amanakala kwentombazana zabamnyama. Intombazana ngokwabantu aba mnyama ibibonelwa ngabazali indoda efanelekileyo ize ke itobele umteto wabazali ke ngalendlela ngati kufunwa ukuba abantwana babantu makatatwe noma sidakwa esingena luto xa sine Collar neTie saye sibona kubelungu kutengwa imisesane yamaxabiso ama kulu kungabi ndaba zaluto futi asikaze sibone umxovi wezitimi eyakutata umuntwana womuntu omukulu njengo mntaka kumkani noma angase mtanda kangakani? Asiqondi ukuba kungaze kwenzeke oko. Uxolo Mhleli ngesituba ongandinceda ngaso iyagwaza lento yokubula wa kwamasiko etu emvelo esa wapiwa nguMdali

Ndim,

H. K. MANGESANA.

Okatela uThos. Masinga.

Nkosi yami isikayana nje epepeni lako elimandi kengelekele amazwi ako abuhlungu epepeni lika Oct. 3rd. no10th. 1919 ngomfana uThomas Masinga. Impela uma umuntu ezwa ebona lesisilinganiso olinganise ngaso kwelika October 10 kufika iziny embezi ezinga pumi emehlweni kodwa eziconsela enhliziyweni ubone impela ukuti ukwa hlulwa into embi. Kepa kuyiqiniso ukuti uTixo ukona nokuti wati "Leso silinganiso olinganisa ngaso nawe uyakulinganiswa ngaso", ngoba uyaba bona. Uma bese siyisizwe esitandana yo ngabe siti akwenziwe isu ngoThos. Masinga.

Mina ngokwami ngiti Mhleli okwenziwayo ngalomfana isizwe ngo kwenza. Velani zinsizwa nango umfana engene osizini abengalwazi. Mina Mhleli ngilindele isaziso sako ngalomfana. Ngingakaqedi ngiti nako ke namhla Mrs. Hawkins wena ozibiza ngokuti. "For Christ and the Zulus." Nampo abakini ukusipata kwabo. Ake usho pela uti akwefanisanwe ungazimbozi ngolwebu ngoba lungase mlungwini. Nanso pela eyezihlobo zako Mr. J. M. Mcunu.

Yimi.

J. B. MCUNU.

AMATAMABI EMLONYENI.

Uma unamate amabi emlonyeni ekuseni isisu sako asihambi kahle. Izinhlamvwana zikaChamberlain zifike zikulungise zigeze ucuhliziyo yokudhla. Zitengiswa yibo bonke abatengisi.

Isimemezelo.

Iziqiti zami ekade zimenyezefwa lapa epepeni ukuti ziyatengisa kade kusabamhe ukwenza iPlan. Selifungule ke namhla. Bonke abase betele imali mabeze bazobona iziqiti zabo sezinaman Number. Obengakezi masheshise abete imali ngoba seziti azisobele.

E. M. CELE.

Ohlange, Phoenix.

THE REVIVA KIDNEY MEDICINES

LEMITI IXUBE IMITI YEMITI EGAZINI I-AMAPILLS.

Ukudhla kwe gazi, nemitambo, ne misipa kuwo wonke umzimba. Ani keza igazi elibomvu elinotile, futi aleta amandhla kwababutaka, ngu 1s. 6d. ngebokisi.

REVIVA KIDNEY BEANS

Lawa ngumlungisi nomhlanzi we mvelo, ahlanza izintso. Zonke izifo zeSinye neZintso.

REVIVA LIVER PETELLS.

Lo usheshisa ukupilisa isisu esonakele nesibindi esingasebenzi kahle—1s. 6d. ngebokisana.

Lemiti enosizakalo emakayeni ifanele uba ibe kuwo onke amakaya

Ingu 1s. 6d. ngebokisi, kubo bonke abatengisa ngemiti. Nxa ungenaku yitola lapo ukona, bhala ondise kitina, ufake imali sokutumela ama pills ngokushesha. Iposi ikokelwa yiti 1s. 6d. ngebokisi.

REVIVA MEDICINE CO.,

Dpt Y. No.1. Burg Street, Cape Town

The Paragon Sharpening & General Repair Works.

W. A. Kinlock.

179, Umgeni Road.

Durban.

Umloli wezinto zonke ezinobukali, umkandi wezihlutulelo, umvusi wemishini yokutunga yazo zonke izinhlobo. inyanga yezitofu, umhlanganisi wensimbi ngomtofu nangetusi nangokwayo yodwa.

Ikeli lasekaya: Inanda M. S., Phoenix.

KUFUNWA.

KUFUNWA intombazana yeSt. Helena noma iBholoman ukuba iyopekela insizwa eyake emzaneni lapa eNatal. Umsebenzi ulula. Iholo £2 ngenyanga imali yesitimela iyotunyelwa. Lobelani u

G. R. SHEPHERD.

P. O. Umsinga.

Don't Worry.

Things are no better if you do, but then some people can't help it. This worry is a terrible strain on the brain and nerves, which soon become weak and ill. In this condition some people become insane, others suffer from neuralgia, loss of memory, headache, depression, lazinesss and vital weakness. Neurotics are people with weakened nervous systems, and owing to their "nervy" temperaments they put too great a mental strain on themselves.

Take

a scientific view of this disease, for brain and nerve strain is a disease. The Brain and Nerve cells need food and nourishment, and such is contained in Virata in an immediately assimilable form. Patients soon respond to its wonderful action, and face life with renewed courage. The day's work becomes a pleasure when the nervous system is fed with this genuine energy food. Sold everywhere at 3/3, or 6 bottles for 18/-. Registered Trade Mark as below on every package, which is yellow. If your chemist or storekeeper is out of stock write Virata Co., P.O. Box 742, Cape Town, enclosing remittance, and supplies will be sent post free.

Virata
THE 10 DAYS TONIC

UMSEBENZI WOMZALI.

Umfana wako uhlala edwetshwa. esikwa, elimala. Ngoba lamanxeba ake apola kahle akusiyo incwadi yokuti ayauhlala ezipolela. Funa igabha likaChamberlain isigcobo sobuh'ungu wenzel'ukuba ukulimala kubhekwe kahle. Awuko umuti ongehle uvume le odhlula iona. Isihlungu egazini yisifo esiyingozi kakuju ukuzifaka engozini yaso. Stengiswa yibo bonke abatengisi.

Ilanga lase Natal.

Igez'elincokazi, e ipuza yonke imilabo nemicacazo. Linababhaleli zonke izigojana. Nampa abateng si betu elitolakala kubo. Olifuna ngeposi atumele lap'Ohlange, Phoenix.

Durban Native Market, F. M. Cele.
" 113 Field Street, KwaNgiobamakos.
" 124 " " KwaGulakuseni.
" Prince Alf. Str., C. Gumede.
" Native Location. .....
" Point, Bell Str., J. Mcanyana.
Verulam, Thomas V. Ntanzi.
Stanger, S. S. Ndhlovu.
Sipo Bulose, Mapumulo.
Hill Crest, Elijah Nxumalo.
Pietermaritzburg, A. J. Sililo.
Ixopo, Paulos Cenco.
Vryheid, B. E. Mhlongo.
Greytown, E. M. Zuma.
Dundee, J. Ngubane.
Ladysmith, S. H. Maduna.
Newcastle, E. ka J. Kuboni.
Witbank, Ezra Koza.
Emtulwa, Mt. Elias, M. B. Mazamane.
Standerton, Isaiah Tshabalala
Volksrust, S. B. M. Sloomala
Ermelo, W. Gulela.
Johannesburg, Christian Literature Depot.
" Jeppe'stown, Miss E. East.
" Braamfontein, J. Mota.
New Clare, Jno. S. Hlabi.
Pretoria, A. N. Mahlangu.
Germiston, Thomas Msimang.
Roodepoort, Sampson Sibisi.
Brakpan, J. M. Shibe.
Barberton, Barnes Myiseli.
Port Elizabeth, P. O. Box 400 James Boag.
Rhodesia, Plum Tree, S. L. Kupa.

QONDANI EMATSHENI

Ku'

KLEMENS, Umlungisi Umkandi WeziNkatali.

Indawo engcono yokulungisa iziNkatali. Ngisho lufe kanjani, luyavuka ngokushesha noma selwahlula abaningi. Woza kimi luzovuka lube lusha, lukale kahle futi njengokutanda kwako. Noma inhlobo enjani. Futi ngitengisa ngezimpahlana ezincane, zonke izinhlotshana ungazitola kimi.

Qondani, Ematsheni ku

K. L. N. SYESH.

Auto-Harp Repairs,
Native Market,
Victoria Street, Durban.

ISAZISO.

Uma ufuna umuti wezilo yiya esitolo otenga kuso ufike ubize HARTLEY'S ORIENTAL VERMIFUGE (Umaqotula) uqiniseke ukuba lowo muti akunika wona unesitombe sendhlovu uqapelisise ukuti unegama lika HARTLEY. Ninga panjaniselwa. Nibuze kumnini vinkili uma engenaye UMAQOTULA ngitumeleni igama lake bese'ngitumela kuye, ngokwenza loko niyobe nisiza mina.

Mr. A. H. TODD,
Umkemisi Wabantu,
RED HILL, Natal.

Kwa Mfundisi.

Eduze nakwa MNYAMANA.

111 a FIELD STREET DURBAN.

Isitolo esinamandhla kakulu impela samelisa wonke umuntu, wesilisa nowesifazane. Noma izinto zipakeme nje ake nizozibonela. Nohamba nidelile. Sitengisa ugezibalala, amasholo os'Embatwangapi, amabhayi, iziNtshodoamaRhwada, amajazi, namabhantshi osekuke kwagqekwa, izijalimani ngemibala yonke, amaFlinti amahle noKetshimiya, noSeini, noNtolibhantsh, [illegible] amakwiliti emihlele, izitha zokudhlela namabhodwa, zonke izinhlobo zamabhokisi.

Wozani ngenxa inhlanhla, ngokupula mhleli kaMFUNDISI,